



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayisi-8.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendlweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
5.6. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA****1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

- 1.1.1 Yingoba akuyena wonke umuntu oba ngusaziwayo.√ (1)
- 1.1.2 Kubangelwa ukuthi imisebenzi abayenzayo ibenza bavele komabonwakude, kubhalwe ngabo emabhukwini, ezincwadini, emaphephandabeni, ezinkundleni zokuxhumama kanye nasemisakazweni, abanye bavakashela nasemazweni angaphandle ukuyokhangisa ngamakhono abo ahluahlukene.√√ (okubili kwalokhu) (2)
- 1.1.3 Isakabuli liyinyoni ethandwa ukubukwa abantu kanjalo nakubo osaziwayo kukhona labo abenza izinto ngoba befuna ukubukwa noma ukunconywa.√√ (2)
- 1.1.4 Isigaba sesi-3 siqukethe umqondo wokuthi izindaba zosaziwayo zihlezi zinekelwa umhlaba wonke√ kanti isigaba sesi-7 siqukethe umqondo wokuthi osaziwayo bahlezi bengungwa abantu uma besezindaweni zomphakathi. √ Lokhu kuba nomthelela ongemuhle kosaziwayo ngoba bagcina sebengasakwazi ukuziphilela impilo yabo ngokukhululeka.√/ Umqondo ofanayo oqukethwe yisigaba sesi-3 nesesi-7 owokuthi osaziwayo abanayo imfihlo ngezindaba zabo√ ngoba bahlale bezungezwe abantu√ lokhu kuba nomthelela ongemuhle kosaziwayo ngoba bagcina sebengasakwazi ukuziphilela impilo yabo ngokukhululeka.√ (3)
- 1.1.5 A/impilo iyaguquguquka.√ (1)
- 1.1.6 Yingoba basuke befuna ukuvikeleka√ ngoba uma ungasaziwayo ngeke bakuthande bonke abantu ungaba nezitha ozaziyo kanye nalezo ongazazi.√√ / kungakhona izigebengu ezingafuna ukukwenza isilo sengubo zikuqole ngandlela thize ukuze zizuze imali yakho.√√ (nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)
- 1.1.7 Lesi sitatimende sichaza ukuthi osaziwayo abanengi bagcina bengesanamali ngoba abayibeki imali kusenesikhathi, bayisebenzisa budlabha bengacabangeli isikhathi esizayo.√√ Bagcina kungasekho muntu eduze kwabo/sebehlupheka, lokhu kubabeka engcupheni ngoba imisebenzi eminingi abayenzayo abagugeli kuyona.√√ (4)
- 1.1.8 Isitatimende esidweshelwe esigabeni sesi-8 sichaza ukuthi kuhle uma abantu bebathanda osaziwayo kodwa bangabathandi kuze kweqe ngoba nabo bangabantu bayawenza amaphutha.√√ / Abantu akumele bathande osaziwayo ngokwedlulele ngoba bangagcina sebenza nezinto ezingezinhle ezenziwa osaziwayo ngenxa nje yokuthi bayabathanda.√√ (nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

- 1.1.9 Umbhali uzisebenzise kahle izimo zokukhuluma ezahlukahlukene.
- Bathandwe kuhle okwemali okuchaza ukuthi abalandeli bosaziwayo babakhonza kuze kweqe.√
 - Ikusasa kalaziwa okuchaza ukuthi umuntu kumele alihlelele ikusasa ngoba akazi ukuthi limphatheleni.√
- (2)

1.2 UMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.2.1 Yingoba uphethwe ngesandla umklomelo wenkomishi ekhombisa ukuthi uwinile noma uhlabene.√√
- (2)
- 1.2.2 Umuzwa ovezwa usaziwayo osesithombeni soku-1 umuzwa wenjabulo ngoba uyamamatheka ulengise nezindondo entanyeni yakhe, kanti umuzwa ovezwa usaziwayo osesithombeni sesi-3 umuzwa wokudumala ngoba uswacile nasebusweni futhi ukakwe nangamaphoyisa.√√
- (2)
- 1.2.3 Ngicabanga ukuthi kungaba nomphumela ongemuhle ongaholela ekutheni kudliwe impahla yabo.√ Bangaphucwa izindondo nemiklomelo.√ Bangazibulala/Bangazinikela ezidakamizweni ngenxa yengcindezi.√ Kunganzima ukuthi bathole eminye imisebenzi abangaziphilisa ngayo.√
- (4)
- (nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa)
- 1.2.4 Isithombe soku-1 nsesi-2 sidlulisa umyalezo wokuthi uma ungasaziwayo owenza kahle empilweni uyahlabana√ kanti isithombe sesi-3 sikhombisa ukuthi uma ungasaziwayo wenza izinto eziphambene nomthetho ugcina uphelela ejele.√
- (2)

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBULO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO****UMBHALO C****Ukufingqa ngesigaba**

Phikisanani ngendlela enokuthula ninomuntu eninobudlelwano naye uma kukhona ukungazwani. Zama ukukhuluma amazwi anenhlonipho futhi nangenayo indelelo. Nikezanani ithuba elilinganayo lokukhuluma bese niphana indlebe ngendlela efanayo. Ningakhulumi ngentukuthelo yehlisani umoya namazwi ukuze amaphuzu enu eniwabekayo abe nesisindo futhi enze umqondo kunina nobabili. Xoxani ngenkinga enibhekene nayo ngaleso sikhathi ningavuselani amagqubu. Tholani umuntu enimethembayo onganisiza nixazulule inkinga yenu uma senehlulekile ukuzixazululela nina ngokwenu. Gwemani ukuhlambalazeka ngokuthi ninekele izwe izinkinga zenu.

(68)

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	'Yibani nendlela ephusile nevuthiwe yokuphikisana nesithandwa sakho uma ninezinkinga'.	1	Phikisanani ngendlela enokuthula ninomuntu eninobudlelwano naye uma kukhona ukungazwani.
2	'Gwema ukukhuluma amazwi ayiziswana uwabhekise kumuntu othandana naye'.	2	Zama ukukhuluma amazwi anenhlonipho futhi nangenayo indelelo.
3	'Zinikezeni ithuba lokulalelana nobabili ngokulinganayo'.	3	Nikezanani ithuba elilinganayo lokukhuluma bese niphana indlebe ngendlela efanayo.
4	'Yehliisa umoya ukhombise ukukhula, ukhulume ngezwi lakho elejwayelekile ukuze umbono wakho uzwakale kahle futhi wemukeleke'.	4	Ningakhulumi ngentukuthelo yehlisani umoya namazwi ukuze amaphuzu enu eniwabekayo abe nesisindo futhi enze umqondo kunina nobabili.
5	'Gxila kulokhu enikubangayo, ukuvusa ezakudala ngeke kunisize'.	5	Xoxani ngenkinga enibhekene nayo ngaleso sikhathi ningavuselani amagqubu.
6	'Uma isixazululo senkinga enibhekene nayo ningasitholi tholani umuntu wesithathu onganisiza'.	6	Tholani umuntu enimethembayo onganisiza nixazulule inkinga yenu uma senehlulekile ukuzixazululela nina ngokwenu.
7	'Ungafaki abantu abanengi ezindabeni zengxabano yakho nesithandwa sakho'.	7	Gwemani ukuhlambalazeka ngokuthi ninekele izwe izinkinga zenu.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Indlela yokumaka ukufingqa

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
 - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
 - Amamaki ama-3 awolimi.
 - Amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
 - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
 - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
 - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
 - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
 - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.
- **Ukubalwa kwamagama:**
 - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
 - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo ege ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

- 3.1 Sibhekiswe kubantu abahlaselwe yisifo sengcindezi empilweni. / Abantu abacasuka okweqile ngokwemvelo.√ (1)
- 3.2 Umkhiqizo **wakwa**-Phila.√ (1)
- 3.3 Umkhangisi usebenzise ifonti egqamile, √ indoda ekhombisa ukuxakeka√ kanye nezinhlobo ezahlukene zemikhiqizo esiza nokulwa nesifo sengcindezi.√ (2)
(okubili kwalokhu)
- 3.4 Ungabasiza kahle ngoba baningi abantu abaphila nesifo sengcindezi esikhathini samanje ngenxa yezizathu ezahlukahlukene zempilo.√√ (2)
- 3.5 Igama elithi 'phila' liyayakha intshisekelo/liyagcizelela ngoba linika ithemba kumuntu onesifo sengcindezi ukuthi angaphila uma esebenzisa lo mkhiqizo.√√ (2)
- 3.6 Ziyizindlela zokuxhumana ezilula ezisiza abathengi ukubona imikhiqizo bengazange balubhade ezitolo.√√ (2)
[10]

UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

- 4.1
 - umbhede onamasondo√
 - isigubhu esilengayo√
 - ilambu/amalambu√
 - indlela udokotela nonesi abagqoke ngayo √
(Okubili kwalokhu) (2)
- 4.2 Labo layini abadwetshwe kule khathuni bakhombisa ukuthi lesi siguli besigqutshwa ukuba sizongena kuleli gumbi elinodokotela.√√ (2)
- 4.3 B/ukungabi nalo ulwazi√ (1)
- 4.4 Dkt.√ (1)
- 4.5 Ubuso besiguli buveza umuzwa wokwethuka, wokumangala nokwesaba ukuthi kungani udokotela alethwe kuye akhombise ukungalazi ithuluzi lokuhlinza.√√ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)
- 4.6 Umdwebi wale khathuni udlulisa umlayezo wokuthi kumele siqaphele ukuthi kukhona izibhedlela ezinodokotela mbumbulu abangawazi futhi nabangawuqeqeshelwe umsebenzi wobudokotela. Ngakho-ke uma kunezinsolo kufanele uthathe isinyathelo ngokushesha.√√ (2)
[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

- 5.1 Siqukethe umqondo wento esiyenzekile yaphela.√ (1)
- 5.2 Abakhongi bebezocela kwaBhengu.√ (1)
- 5.3 Lokhu kwenzeka ngoba yona kungasafanele ikhulume.√ (1)
- 5.4 Kanjalo uma ithola ithuba iyaya nakwababekazi.√ (1)
- 5.5 Izipho azivamile/ azivamanga ukuhamba nezeluleko.√ (1)
- 5.6 A/Ukuphana√ (1)
- 5.7 Izipho azivamisile ukuhamba zodwa kepha/kodwa zivame ukuhamba nezeluleko./Izipho azivamile ukuhamba zodwa, zivame ukuhamba nezeluleko.√√ (2)
- 5.8 Amabheka agcwala isibaya kwakikiza omama ekhaya.√√ (2)
- [10]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70